eduresourceza.com

Downloaded from eduresourceza.com

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2021

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA I
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER I

Isikhathi: Amahora ama-2½ | Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-19. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
2. Leli phepha lineziqephu EZINE.
3. Phendula zonke IZIQEPHU.
4. Qala esinye nesinye isiqephu ekhasini elisha.
5. Qiniseka ukuthi awuyixovi imibuzo.
6. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu.
7. Shiya umugqa emva kwempendulo.
8. Bhala ngokucacileyo nangobunono ukuze kube lula ukumaka umsebenzi wakho.

Downloaded from eduresourceza.com

Downloaded from eduresourceza.com

ISIQEPHU A ISIFUNDO SOKUQONDISISA NOKUBUKELA

UMBUZO 1

Funda indaba engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIDLO SANTAMBAMA

1 "Sawubona, siyakwamukela e-*Ocean Basket*, *table for*?" Kubuza uweta (waiter) emoyizela. "*Table for two please*?" kuphendula mina ngenkulu injabulo. Athathe izinga lokushisa bese ebhala phansi u-*36.5°C* lo weta. Ngifake i-*sanitiser* ezandleni zami. Emva kwalokho ngilandele uweta ukuze ngikhethe itafula engifuna ukuhlala kulona. Ngihlale phansi. "Mina nginguMandla, yimina engizothatha ama-oda enu okudla namhlanje. Thatha nansi i-*menu* yokudla. Ingabe kukhona okudingayo sisi noma uzolinda umuntu wesibili?" Kubuza uweta. "Ngicela amanzi abandayo anolamula (*lemon*) okwamanje. Ngizolinda isoka lami." Ngisho ngiqede ngimoyizele. Naye uweta uyamoyizela.

[Isithombe sithathwe kwi-inthanethi]

2 Kukhona amatafula amaningi lapha. Kukhona nabantu okusobala ukuthi bayathandana futhi banobudlelwano obuhle. Iningi labo ligqoke imibala ebomvu nokumhlophe. Abanye bahleli ngaphandle kepha eduze nesitolo i-Ocean Basket. Abanye bahleli ngaphakathi. Ngakho-ke, ngikhethe ukuhlala ngalapho kushaya khona umoya ezihlalweni ezinhle futhi ezintofontofo. Ngithe lapho ngihlala phansi ngakhumula izibuko zelanga nesigqoko selanga. Ngakhumula isifonyo sami ngase ngipenda umlomo wami ngombala obomvu. Ngikhiphe umakhalekhukhwini wami esikhwameni, ngase ngifunda imiyalezo evela esokeni lami uSimba. Imiyalezo evela esithandweni sami iyangithokozisa impela. Kungathi kudala sazana kodwa sinezinyanga eziyisithupha sithandana. Ngosuku ngiqala ukumbona emcimbini kamakhelwane wasekhaya inhliziyo yami yashaya ngamandla ngasho ngathi uSimba **ungusofa silahlane wami**. Ubudlelwano bethu buhamba phambili.

3 USimba ushaye ucingo izolo ebusuku wathi masihlangane khona kulesi sitolo sokudla ukuze sidle ilantshi. Namuhla ngumhlaka 14 ku-*February* 2021, usuku lwezithandani. Kukhona abantu abambalwa lapha e-*Mall of Africa,* kushaya umoya. Ngicabanga ukuthi abantu abaningi lolu suku balubungaza emakhaya ngoba akuphephile kulezi zinsuku ukuchitha isikhathi lapho kukhona abantu abaningi. Kulesi sikhathi sika-***level 3*** asivumelekile ukuya ezindaweni ezinabantu abaningi. **UMongameli** wethu wamemezela ngenyanga kaMasingana ukuthi kunemithetho nemigomo okufanele siyilandele.

[Isithombe sithathwe kwi-inthanethi]

Downloaded from eduresourceza.com
IEB Copyright © 2021

Downloaded from eduresourceza.com

4 Nangu uSimba wami efika. Uyindoda ebukekayo. Uyisidlakela futhi mude, mnyama ngebala. Ugqoke ihembe elimhlophe nothayi obomvu. Igqoke nemibala yosuku *lwe-Valentine futhi* izohlangana nesithandwa sayo le ndoda? Hawu! uSimba uphethe izimbali? Mhlawumbe ufika emva kwesikhathi esivumelene ngaso ngoba ubeyothenga lezi zimbali. Angisakwazi ukuzibamba manje ngenxa yenjabulo. Ngisukume ngivule izingalo zami ukuze ngimange.

5 "Sawubona s'thandwa sami. Ngiyaxolisa ngokufika emva kwesikhathi. Nasi isipho sakho", Esho engiqabula futhi enginika izimbali. Ngibonge bese sihlala phansi. Sixoxe kamnandi sihleke kakhulu ngoba uSimba unamahlaya. Si-ode i-*platter for two* neziphuzo ezibandayo. Kuthe lapho sesiqedile ukudla uweta wathi izithandani zithola i-*dessert* mahhala ngalolu suku ngakho-ke, ucela silinde. Ngempela salinda. Uweta wafika etafuleni lethu ne-*dessert* evalwe ngesivalo esinombala oyisiliva. Waphakamisa/ wavula lesi sivalo. USimba waguqa ngedolo, wabamba isandla sami sobunxele wayesethi: "Azania, *will you marry me*?" Ngasukuma, ngamemeza kakhulu ngikhaliswa yinjabulo ...

[Isithombe sithathwe kwi-inthanethi]

6 "Azania! Azania! Vuka ukhalelani?" Ubaba umile eduze kombhede wami ekamelweni. "Hawu! Ngiyaphupha ..."

[Umbhalo wokuziqambela]

1.1 Le ndaba yenzeka kuphi? (½)

1.2 Yenzeka ngayiphi inyanga? (½)

1.3 Phendula ngokuthi YIQINISO noma NGAMANGA.

Ngokwendaba,

1.3.1 Isoka likamxoxi lithanda ukudla inhlanzi. (½)

1.3.2 Isoka likamxoxi alisigcinanga isikhathi. (½)

1.4 Sasinjani isimo sezulu lapha? Sekela impendulo yakho ngephuzu elilodwa. (2)

1.5 Ubani lo **Mongameli** okukhulunywa ngaye lapha? Bhala igama nesibongo. (1)

Downloaded from eduresourceza.com

Downloaded from eduresourceza.com

1.6 **Esigabeni sesithathu**, tomula igama elilodwa **eliwumqondofana** wala magama angezansi.

1.6.1 ifoni (1)

1.6.2 yilanga (1)

1.7 Humusha / tolika ngesiZulu.

1.7.1 *Table for two?* (1)

1.7.2 *Will you marry me?* (1)

1.8 Kusho ukuthini lokhu: **"Ungusofa silahlane wami"**? (1)

1.9 Umxoxi uyayilandela imithetho yokhuvethe. Sekela lo mbono ngokusendabeni. Bhala amaphuzu amabili. (2)

1.10 Ungamchaza njengomuntu onjani u-Azania? (1)

1.11 Ekugcineni, u-Azania uthi: "Hawu ngiyaphupha …"

Qedela inkulumo ka-Azania ngamaphuzu amabili. (2)
[15]

Downloaded from eduresourceza.com
IEB Copyright © 2021

Downloaded from eduresourceza.com

UMBUZO 2

Sebenzisa ikhathuni engezansi ukuphendula imibuzo elandelayo.



[Isithombe sithathwe kwi-inthanethi]

2.1 Bangaki abantu abahleli phansi? Bhala ngesiZulu. (1)

2.2 Uthisha wesilisa ugqokeni? Bhala okubili. (2)

2.3 Uthish' omkhulu uyabhema ekilasini. Kubi ngani lokhu? Bhala amaphuzu amabili. (2)

2.4 Ucabanga ukuthi waphendula wathini uthish' omkhulu ngesikhathi umemu ethi kubi ukubhemela ekilasini? Bhala amaphuzu amabili. (2)

[7]

Downloaded from eduresourceza.com

Downloaded from eduresourceza.com

UMBUZO 3

Bukisisa, ufunde ikhathuni engezansi bese phendula imibuzo elandelayo.



[Isithombe sithathwe kwi-inthanethi]

3.1 UMohammed uyikholwa / uyakholwa. Sekela lesi sitatimende ngephuzu elilodwa. (1)

3.2 Ngokwesithombe, yiziphi izifundo ezenziwa nguMohammed? Bhala ezimbili ngesiZulu. (2)

3.3 Wena ungathanda yini ukuba nabazali abakhuluma kanje? Kungani usho njalo? (2)

3.4 Ngokubona kwakho, uMohammed uzizwa kanjani? Sekela impendulo yakho. (2)

3.5 Lo mfundi uthi lo nyaka ubunzima. Ucabanga ukuthi yini ebeyinzima ngesikole noma ngokufunda ngonyaka ka 2021? (1)

[8]

Amamaki angama-30

Downloaded from eduresourceza.com
IEB Copyright © 2021

Downloaded from eduresourceza.com

ISIQEPHU B UKUFINGQA

UMBUZO 4

- Funda le ngxoxo bese UYIFINGQA ngamagama **angama-50** kuya **kwangama-60**.
- Bhala amaphuzu AMAHLANU ngemisho ephelele, ungasebenzisa nezihlanganiso.
- Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweyesi-5 NOMA amabhulethi. UNGABHALI isigaba.
- Sebenzisa amagama akho emishweni.
- Sebenzisa ulimi oluhle.
- Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala INANI lamagama owasebenzisile.

(Yihora lesikhombisa kusihlwa ohlelweni lukamabonakude i-*Trevor and the Celebs*. UTrevor Noah usomahlaya odume umhlaba wonke uxoxa noNasty C, omunye wabaculi abadumile eNingizimu Afrika.)

uTrevor: Ngiyanibingelela emakhaya ohlelweni loMzansi Magic ku 161.

Namhlanje sivakashelwe nguNasty C ongumculi ongusaziwayo umhlaba wonke. Siyakwamukela Nasty C.

uNasty C: Ngiyabonga kakhulu ukwamukelwa. Sanibonani babukeli emakhaya.

uTrevor: Awusho, uNasty C ngubani? Yigama lakho lelo?

uNasty C: (*Emoyizela*) Cha, igama elithi Nasty C yigama nje lasesiteji. Amagama ami nguNsikayezwe David Junior Ngcobo.

uTrevor: Hhayi bo! Ngempela? Wena wazalelwa kuphi futhi uzalwa ngubani? Ngicela uphawule ngendawo owakhulela kuyona.

uNasty C: Yebo yiqiniso, ngamagama ami lawa (*ehleka*). Ngazalwa ngomhlaka 11 kuFebhuwari 1997 elokishini laseDiepkloof, eSoweto. Umama wami washona nginezinyanga eziyishumi nanye. Umama washona engozini yemoto. Ngakho-ke, angimazi kepha ngimbona ezithombeni.

uTrevor: Ngiyadabuka ukuzwa lokho.

uNasty C: Emva kokushona kukamama wami ngahamba ngaya eThekwini lapho kuhlala khona ubaba. Igama likababa wami nguDavid Maviyo Ngcobo.

uTrevor: Ukuphi ubaba wakho manje? Ubani omunye okhona emndenini wakho?

uNasty C: Ubaba yena ukhona uyaphila, uyimenenja kwezinye zezinkampani eThekwini. Kukhona umfowethu omdala, igama lakhe nguSiyabonga Ngcobo. USiyabonga nguyena owayengigqugquzela ngothando lomculo kusukela ngineminyaka eyisishiyagalolunye.

uTrevor: Kuyajabulisa ukuba nomndeni okusekelayo Nasty C. Ake usitshele ngemfundo yakho.

uNasty C: Ngafunda eStrelitzia Secondary School, eLotus Park, eThekwini. Yilapho ngaqeda khona ibanga likamatikuletsheni.

uTrevor: Waqala nini ukucula? Lunjani uhambo lwakho ngakwezomculo?

Downloaded from eduresourceza.com

Downloaded from eduresourceza.com

uNasty C:	Njengoba ngishilo, umfowethu uSiyabonga wangikhuthaza ukuthi ngicule ngineminyaka eyisishiyagalolunye kodwa ngaqala ukuduma (*famous*) sengineminyaka eyishumi nanhlanu, yilapho ngakhipha i-*mixtape* yami yokuqala ethi: "One kid a Thousand coffins" ngonyaka ka 2013.
uTrevor:	Umbuzo wokugcina, ake usixoxele ngezinto oziqhenya ngazo njengoNasty C nomculo wakhe.
uNasty C:	Ngonyaka ka 2015 ngawina indebe yokuba ngumculi omusha. Ngo 2016 kwi-South African Hip Hop Awards ngakhethwa njengomqambi wezingoma ophambili. Ngawina lezi zindebe kwiMetro FM *music award* ngo 2017: Umculi omusha ophambili; umculi ophambili we*Hip Hop*; umculi wesilisa ophambili futhi ingoma yami ethi: "Hell Naw" yaphuma phambili. Ngakhethwa kuma-*BET awards* ngo 2017.
uTrevor:	Mfowethu, usebenze kakhulu. Abalandeli bakho bayaziqhenya ngawe. Sikufisela okuhle kodwa, ikakhulukazi emculweni wakho. Siyabonga ngesikhathi sakho. (*Bashayisane ngezindololwane*)
(Luphele uhlelo, uTrevor avalelise kubabukeli ngehora lesishiyagalombili.)	

[Ulwazi lutholakale: <https://en.wikipedia.org/wiki/Nasty_C>]

Ekufingqeni kwakho bheka lokhu:

- Abantu abaxoxayo nemisebenzi yabo.
- Isizinda sale ngxoxo.
- UNasty C nomndeni wakhe.
- Ukukhula kukaNasty C.
- Impumelelo kaNasty C.

UKWABIWA KWAMAMAKI

Ingqikithi	Amaphuzu amahlanu akhona futhi enza umqondo.	(5)
Ulimi	Lusetshenziswe kahle, alunamaphutha.	(2)
Amagama omfundi	Umfundi usebenzise inkulumo mbiko. Uhumushe kahle indaba.	(1)
Amaphuzu	Izinombolo noma amabhulethi.	(1)
Inani	Amagama esephelele ayi 50 kuya kwayi 60 futhi abhaliwe.	(1)
		[10]

Amamaki ayi-10

Downloaded from eduresourceza.com
IEB Copyright © 2021

Downloaded from eduresourceza.com

ISIQEPHU C IZINKONDLO

Sebenzisa lezi zinkondlo ukuphendula imibuzo elandelayo.

UMBUZO 5

Inkondlo A – Efundwe ekilasini

Ngikhathele Ngidiniwe – Bongani Mavuso

1 Ngikhathele ngidiniwe,
2 Amehlo ami agcwele ubhici,
3 Ngenxa yesici,
4 Esibhacekwe emzimbeni wami ngidiniwe.

5 Mabonakude uyinkathazo,
6 Uyinkathazo mabonakude,
7 Udoba izingane ngopopayi,
8 Zikholwe yiyo yonke le mfishimfishi,
9 Zikholwe yilo lonke lolu vucu.

10 Empeleni uyinto yamavila,
11 Ovila voco abahlale bebila,
12 Wuvalo lokukhala kwesivalo sentshebe,
13 Kwazise phela ayizwani nezingane,
14 Ezigqolozela ububi bakho mabonakude ndini.

5.1 Nika imigqa **eyimpindamqondo** kule nkondlo. (1)

5.2 Tomula ukuxhumana okuyisiphambano kule nkondlo. (1)

5.3 Umugqa 7 uchaza ukuthi umabonakude:

[ukhohlisa izingane, weseka izingane, uthuthukisa izingane]. Khetha okukodwa. (1)

5.4 Abantu abanjani amavila? (1)

5.5 Intshebe iwuphawu lwani kule nkondlo? (1)

5.6 Estanzeni sokugcina, sithola yiphi inzwa? Bhala uhlobo nesibonelo. (2)
[7]

Downloaded from eduresourceza.com

Downloaded from eduresourceza.com

UMBUZO 6

Inkondlo B – Efundwe ekilasini

Izimpisi – Bongani Mavuso

1 Uma kukuhle ziyangazi,
2 Uma kukubi azingazi,
3 Izimpisi ezigqoke isikhumba semvu.
4 Cha zinonya olungakaze lubonwe;
5 Elimhlophe ziliveza lapho ngiqhamuka,
6 Kuyothi lapho ngisithela zingibeke amabala.
7 Zinjalo-ke izimfamona,
8 Azifuni ukubona omunye umuntu enotho.

6.1 Hlobo luni lwenkondlo lolu? Sekela impendulo yakho. (2)

6.2 Bhala uhlobo lwesifengqo nesibonelo okutholakala kule nkondlo. (2)

6.3 Sasinjani isimo sembongi ngenkathi ibhala le nkondlo? (1)

6.4 Sithola sifundo sini kule nkondlo? (1)
[6]

Downloaded from eduresourceza.com
IEB Copyright © 2021

Downloaded from eduresourceza.com

UMBUZO 7

Inkondlo C – Efundwe ekilasini

Elikabani Iphutha? – Nhlakanipho Zulu

1 Saphela isizwe,
2 Uma uphonsa amehlo ngapha nangapha,
3 Ubona abantu asebephelelwe ithemba.
4 Abanye babo bayangena bayaphuma
5 Emajele, amajele athi lo usemncane,
6 Akakhishwe! Kuthi uma ededelwa,
7 Aphindele khona emphandwini,

8 Nasesizibeni sikamaminzela kweyeTheku.
9 Ngiyamuzwa omunye esethi abazali bami,
10 Babeqisa amahabulo bengibhokla-
11 Ngesagila, ngaqoma ukuduka nezwe.
12 Ngiyamuzwa omunye esethi umalume,
13 Wayengidikadika ubusuku nemini,
14 Kuthi lapho ngithi,
15 Ngifuna engingamvulela isifuba,
16 Bonke bathi ngihubhuza amanga.
17 Laze lanesihluku leli khaya.
18 Bantu bakithi, baphi onembeza?
19 Kungani sisebenzisa lezi zingane,
20 Ukuthi zisiqoqele ingcebo?
21 Ezinye zishushumbisela obhebhenene-
22 Bezintshebe izidakamizwa,
23 Ezinye zihlwithela obhuti madlisa omakhala ekhukhwini.
24 Qagela ukuthi ngabe yini inkokhelo,
25 Ibhodlela le-*glue*.
26 Ezamantombazane azilindi zize zithombe,
27 Zilambile! Impendulo isekuqwayizeni.
28 Amagugu esintu aphelela obala.

7.1 Yenzeka kuliphi idolobha le nkondlo? (1)

7.2 Isihloko sale nkondlo sithi: "Elikabani Iphutha?". Ngokwale nkondlo, yiliphi iphutha elenziwe yilaba bantu?

7.2.1 abazali (1)

7.2.2 abantu besilisa emphakathini (1)

Downloaded from eduresourceza.com

Downloaded from eduresourceza.com

7.3 Sithola yiphi **indikimba** kule nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)

7.4 Kusho ukuthini lokhu:

7.4.1 Ukuvulela isifuba (umugqa 15) (1)

7.4.2 Ukuthomba (umugqa 26) (1)
[7]

Downloaded from eduresourceza.com
IEB Copyright © 2021

Downloaded from eduresourceza.com

UMBUZO 8

Inkondlo D – Engafundwanga ekilasini

NAWE UNAKHO NJE **Umcakulo: LF Mathenjwa**

1 Wanginqumela ogodweni nje,
2 Wangihamba phansi kwezinyawo nje,
3 Wababaza intokomalo yezandla zami,
4 Wababaza ubumsulwa nobumnene benhliziyo yami,
5 Wadla inhlaba waba ugedleyihlekisa wenhlekisa,
6 Wakunika nje uMdali okwakho wehluka kimi nabanye.

7 Uyihlo nonyoko basibona isiphiwo kuwe
8 Ingani waphuma naso usifumbethe esandleni
9 Babona kungenele bakwetha elika Siphiwosenkosi
9 Ingani nawe bebekuphiwe, nawe uphiwe ezakho izipho
10 Pho ongaka umona ngowani?
12 Nawe unakho nje.

13 Ingani 'zinkomo zibulal' inyoka
14 Usenga udle uwachithe amasi,
15 Onokuncane akusebenzele kanzima usezithele
16 Kufanele agoduswe ngoba usenezimpiko
17 Kwazinyoni ngazibona zindiza zonkana
18 Pho kungani ngingekhuphuke kunye nawe sonkana?

19 Siphiwe, ngidedele ngoba nawe unakho
20 Uganiwe, **ng**iganiwe, unezi**ng**ane **ng**inezi**ng**ane
21 Nginomuzi unawo muhle
22 Sengikwazile iminyaka elishumi
23 Uyisikhulu uhloniphekile
24 Pho onakho njengawe wamzondani?

25 Kwaxabana ubendle saxakeka sonke,
26 Wagombela kwesakho waba yigovu,
27 Hlambuluka uphile njengabantu ebantwini
28 Ngikubona uzulelwa ngamanqe nje
29 Waze wazehlisa mhlonishwa wansondo
30 Nawe unakho nje.

8.1 Kuyini lokhu okugqamile emgqeni 12 nomugqa 30? (1)

8.2 Hlobo luni lwefanamsindo lolu olusemgqeni 20? (1)

8.3 **Estanzeni sokuqala,** thola izinhlobo ezimbili zokuxhumana nezibonelo zakhona. (4)

Downloaded from eduresourceza.com

Downloaded from eduresourceza.com

8.4 **Estanzeni sesithathu,** tomula amagama amabili ezilwane ezihamba phansi. (2)

8.5 Phawula ngalokhu:

8.5.1 Izitanza (1)

8.5.2 Imigqa (1)

[10]

Amamaki angama-30

eduresourceza.com

Downloaded from eduresourceza.com
IEB Copyright © 2021

Downloaded from eduresourceza.com

ISIQEPHU D UKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 9

Sebenzisa iphosta engezansi ukwenza umsebenzi olandelayo.

[Isithombe sithathwe kwi-inthanethi]

9.1 Bhala **ubunye** bamagama alandelayo:

9.1.1 izandla (½)

9.1.2 amanzi (½)

Downloaded from eduresourceza.com

Downloaded from eduresourceza.com

9.2 Yakha **amabizo** kulabo ndaweni abalandelayo.

9.2.1 emsebenzini (1)

9.2.2 esikoleni (1)

9.3 Bhala **isabizwana sokukhomba eduze** ngokusebenzisa amabizo alandelayo.

9.3.1 umlomo (1)

9.3.2 isifonyo (1)

9.4 Guqula lezi zitatimende zibe yimibuzo. Igama eligqamile kufanele libe yimpendulo yombuzo wakho. Bhala **umusho ophelele nophawu lokubuza**.

9.4.1 Vama ukugezisisa izandla **ngensipho namanzi**. (1)

9.4.2 Geza izandla imizuzu **engu 20**. (1)

9.5 Lungisa amagama akubakaki ukubhala **iziphawulo** ezifanele. Bhala impendulo kuphela.

9.5.1 Lesi sifo (kubi) ngempela. (1)

9.5.2 Umuntu simhlasela isikhathi (kufishane). (1)
[9]

Downloaded from eduresourceza.com
IEB Copyright © 2021

Downloaded from eduresourceza.com

UMBUZO 10

Sebenzisa igrafu engezansi ukwenza umsebenzi olandelayo.



[Isithombe sithathwe kwi-inthanethi]

10.1 Qala le misho njengoba ukhonjisiwe. **Bhala imisho ephelele.**

10.1.1 Abantu besilisa basebenza ezinkampanini zokudla.

Cha … (1)

10.1.2 Kuzodayiswa izimoto ezibizayo ngonyaka ozayo.

Cha … (1)

10.1.3 Izinkampani ezahlukene zizovalwa.

Ngonyaka odlule … (1)

10.1.4 Abantu besifazane basebenza kanzima.

Umuntu … (1)

Downloaded from eduresourceza.com

Downloaded from eduresourceza.com

10.2 **Nciphisa** amagama abhalwe ngokugqamile. Bhala impendulo kuphela.

10.2.1 **Izindawo** ezidayisa izimoto ziqasha abantu besilisa kakhulu. (1)

10.2.2 Kusobala ukuthi **izimoto** zakhona ziyathengwa. (1)

10.2.3 Uma ufuna ukuqashwa ukhipha **imali** kule nkampani. (1)

10.3 Lungisa amagama abiyelwe ngokubhala **ongumnini** / **ubunikazi**.

10.3.1 Ukudla (bona) kwenziwa ngabantu besifazane. (1)

10.3.2 Inkampani (ubaba) idayisa izimoto ezinhle. (1)

10.3.3 Amahhotela (eNingizimu Afrika) avaliwe. (1)

[10]

Downloaded from eduresourceza.com
IEB Copyright © 2021

Downloaded from eduresourceza.com

UMBUZO 11

Funda isiqeshana esingezansi ukuze uphendule imibuzo elandelayo.

Ekhaya sidayisa izinkomo, izinkukhu, izimbuzi kanye nezimvu. Kukhona nama-aphula, ubhanana nomango okudayiswa mhla kuthelile. Ubaba, umalume, umama nomalumekazi basebenza ndawonye ukuze imali iye ekhaya. Ibhizinisi elifana naleli lidinga ube nesibindi ngoba kuyenzeka kufe konke lokhu ungenzi ngisho isenti leli.

11.1 **Khetha** amagama ebhokisini ukugcwalisa ezikhaleni. **Bhala inombolo nempendulo ebhukwini lezimpendulo.**

ngaphansi	**phakathi**	**duze**

Izinkukhu zasekhaya zihlala 11.1.1 _____ kwesihlahla njalo uma izulu lishisa. Lesi sihlahla sise 11.1.2 _____ kwegumbi lami lokulala. (2)

11.2 Bhala **isabizwana soqobo** esikhundleni samagama agqamile.

11.2.1 **Ubaba** wami ungusomabhizinisi ophumelelayo. (1)

11.2.2 **Imifino** ayivamile ukumila. (1)

11.3 Lungisa amagama akubakaki ukuze kuvele **impambosi** efanele.

11.3.1 Izinkomo zi(dayisa) ekhaya. (1)

11.3.2 Lo mango u(zwa) umnandi kakhulu. (1)

11.4 Bhala **amabizoqoqa** alokhu okulandelayo.

11.4.1 izinkomo, izinkukhu, izimbuzi kanye nezimvu. (1)

11.4.2 ama-aphula, ubhanana nomango. (1)

11.4.3 ubaba, umalume, umama nomalumekazi. (1)

11.5 Sebenzisa igama elithi 'isibindi' emishweni emibili ukuze imisho yakho iveze imiqondo emibili eyehlukene. Ungabhali umusho osesiqeshini. (2)

[11]

Amamaki angama-30

Amamaki esewonke: 100

Downloaded from eduresourceza.com
IEB Copyright © 2021